NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2024

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-3 Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-6. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
3. Bhala izinombolo zemibuzo zihambisane nezisephepheni lokuhlolwa.
4. Fundisisa imibuzo ngaphambi kokuphendula.
5. Bhala ngesandla esifundekayo, uhlele ngobunono umsebenzi wakho.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU A IMIBHALO

Phendula Umbuzo 1 NOMA Umbuzo 2.

***IKHOHLISANA IHLOMILE*: S.S. Mbimbi**

QAPHELA: Phendula umbuzo OWODWA kwelandelayo.


Bhala **i-eseyi** ezoba yizigaba ezine kuya kwezinhlanu, amagama abe phakathi **kwangama-300 kuya kwangama-350**.

Nakhu okubalulekile ukuze uthole umklomelo omuhle:

- Hlela i-eseyi njengoba uyalelwe.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Impendulo yakho ayikhombise ulwazi olunzulu lwendaba.
- Impendulo yakho ayibhalwe ngesiZulu esihle.

UMBUZO 1

Buka isithombe esilandelayo, ufunde nenkulumo ehambisana naso bese ubhala i-eseyi njengoba uyaleliwe.



[Sicashunwe ku-inthanethi: <http://www.dailylocal.com>]

Zwane:	Ngihamba ngomsebenzi Nkosikazi Mlambo. Siyakubopha ngecala lokubulawa kukaZwelodumo Mlambo.

[Sicashunwe ekhasini lama-67]

Bhala **i-eseyi** lapho uhlaziya ukuthi umbhali ngale ndaba, uphumelele kangakanani ukuqhakambisa ukuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane ngenxa yobugebengu.

[30]

IEB Copyright © 2024

NOMA

UMBUZO 2

Buka isithombe esilandelayo, ufunde nenkulumo ehambisana naso bese ubhala i-eseyi njengoba uyaleliwe.



[Sicashunwe ku-inthanethi: <http://www.pinterest.com>]

Jaji:	Hheyi! Vimba nangu uMnumzane Xulu ebaleka!

[Sicashunwe ekhasini lama-97]

Esinye sezifundo ezitholakala kulo mdlalo wukuthi zibhajwa kweziwudlayo.

Bhala **i-eseyi** uveze ukuthi umlobi uphumelele kanjani ukugqamisa isifundo esishiwo ngenhla ugxile kuMchunu, kuXulu nakuNozipho.

[30]

IEB Copyright © 2024

Phendula Umbuzo 3 NOMA Umbuzo 4.

***AMAGEMFE*: M. Hlengwa, L. Mathenjwa, T. Qwabe**

Khetha umbuzo **OWODWA** ubhale **i-eseyi** ezoba phakathi kwamagama **angama-300 kuya kwangama-350**. Impendulo ayihlelwe ibe yizigaba ezine kuya kwezinhlanu.

QAPHELA:

- Hlela i-eseyi njengoba uyaleliwe.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Impendulo yakho ayikhombise ulwazi olunzulu lwendaba.
- Impendulo yakho ayibhalwe ngesiZulu esihle.

UMBUZO 3

Yamukela Lokho Okuphiwe

Hluza le ndaba, ugxile ezindleleni ezisetshenziswe ngumbhali ukuveza abalingiswa ababili abamqoka **uManyane noXolisile**. Phetha ngokucabanga ukuthi bazokwenzenjani ngokuphoxeka okudalekile.

[30]

NOMA

UMBUZO 4

Indaba ethi **Umzwangedwa** iveza isimo esimuncu emzini wakwaZama ngenxa yokuthi banenkinga yokungabatholi abantwana.

Bhala **i-eseyi** uhluze isizinda kule ndaba kuvele ukuthi sihambisana kanjani nempilo ephilwa emzini wakwaZama nomthelela waso emyalezweni wendaba.

[30]

Amamaki angama-60

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU B UKUBHALELA IZIMO EZITHILE

Uzothola imiklomelo emihle uma ulandela imigomo:


- Isakhiwo esihle sombhalo.
- Ulimi oluhle nolunothe ngezimo zokukhuluma.
- Ingqikithi ekhombisa ulwazi lombhalo nokuziqambela.
- Irejista, ithoni nesitayela esifanele.

UMBUZO 5

Bhala amagama ayi-150 kuya kwayi-180.

Uhlelo lukahulumeni lokucishakonga ugesi selube nomthelela omubi emakhaya, ezikoleni nakosomabhizinisi abasakhasayo.

Bhalela umphathi kaMasipala **incwadi** ukhononde ngesimo esingesihle esidalwe ngukucishakonga ugesi.



[Sicashunwe ku-inthanethi: <http://www.amazon.com>]


[20]

UMBUZO 6

Bhala amagama ayi-150 kuya kwayi-180.

Umfowenu omdala uphumelele ngamalengiso enyuvesi enza iziqu zomthetho. Uzothweswa iziqu zakhe ngenyanga kaNdasa. Abazali bakho bahlele ukumenzela isiphihli somcimbi ukumhalalisela ngempumelelo yakhe ngokuba yisibonelo esihle ezinganeni zakwabo ezisafunda.

Bhala **ikhadi lesimemo** elizothunyelwa ezihlotsheni nakubangani.



[Sicashunwe ku-inthanethi: <http://www.amazon.com>]

[20]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke ayi-100

IEB Copyright © 2024